**09 JULY 2021**

**REV. FR MSIZI ZJ MABASO**

## UQEQESHO OLUQHUBEKAYO LWAMAKHOLWA-ON-GOING CHRISTIAN FORMATION

## Topic/Isihloko: ImiBhoshongo yendlu yeSonto/Church Towers



Njalo uma ngingena kuleli kamero elise Sakristi eliqondene neOffice laFata, kungabe mhlasimbe kukhona engiyokuthatha noma ngiyobeka izingubo zokusontisa ezidinga ukuhlanzwa kubhas'kidi, ngike ngiphatheke kabi. Ngicabanga ukuthi lobubuhlungu sebuqhubeke izinyanga ezine manje! Okuke kungiphathe kabi noma okuba isiphazamiso ukuthi umuthi woNqamlezo owawiswa umoya onamandla emBhoshongweni weNsimbi usabekiwe kulelikamero. LoluNqamlezo beluchonywe emBhoshongweni esike siwubone ngasesangweni lakungena khona aMakholwa, lakuneNsimbi khona. Ngiyazi ukuthi izinsika zalomBhoshongo zidinga ukulungiswa ngoba sezindala, ziyaqhuma ukhonkolo, ngakho-ke azinako ukuphepha. Uma uqhubeka usuka eNsimbini ufica omunye umBhoshongo lapho kuqala khona izitebhisi ezibheke eminyangweni yendlu yesonto. Omunye engazibuza ukuthi kwakumoshelwani izitini noma kwakhiwa lomBhoshongo ongasezitebhisini, noma omunye engazitshela ukuthi mhlasimbe kwakuyi *Design* nje kaMakhi owayefuna isonto libelihle noma lehluke kwamanye, noma isitayela samaJalimane noma omunye angazitshela ukuthi *it was just an Architectural skill or phenomenon.*

**A true recent story or experience:** omunye uFata kwenye yamaPherishi oqondayo ngezimfundiso Zesikhala sokuDumisa; *a Liturgical Space;* ulwe nabathile befisa ukufaka imali kwiPherishi asebenza kuyona, becela njenge nkampani ukuba bachome izipopolo ze*Internet* noma i*WiFi* kulomBhoshongo lapho esebenza khona, wala waphetha. Ngoba uyaqonda ukuthi lomBhoshongo awuwona nje umhlobiso noma isitayela nje, kepha njengoba sike sibone uke uthwale uNqamlezo Kanye neziNsimbi. Uma uya eFatima *Mission* noma eMbongolwane *Mission* noma eNkamana Abbey uyazibuza ukuthi njengoba imide kangaka lemBhoshongo kwakungaphuma ngisho indlu enkulu kabi ngalezizitini nosimende, yayichithelwani imali! Kodwa loFata engikhulume ngaye langenhla uyayiqonda i*Liturgical Space!* Nami nganginganqaba ngishaye phansi ngonyawo kushunqe izintuli ngoba lomBhoshongo uchaza iziMfihlakalo eziNzulu Kanye naloluNqamlezo oluchonywa phezu kwawo.

1. **Njengoba uba mude nje udlule wonke amabhilidi lomBhoshongo noma imiBhoshongo, ukhombisa amandla kaKristo. *(The Authority of Christ).***
2. **Njengoba umude udlula wonke amabhilidi mese uthwale uNqamlezo, ukhombisa ukuVuka kwabafileyo Kanye neMfihlakalo yoKholo *(It is in its very nature symbolises the Life, Death and Resurrection of Christ, the Mystery of Faith and the Paschal Mystery).***
3. **Uluphawu lokuthi: "Ngempela iyona indlu kaKristo lena" amazwi ashiwo umBhishobhi uma ecwebisa isonto. Lokhu kubalulekile ngoba kuyasikhuthaza futhi kuyasi khumbuza ukuthi; kwakho noma emakhaya awusoze waba nalomBhoshongo, awusoze waba neLathi Kanye neziNdonga zesonto ezacwetshiswa, ngakho-ke lokhu kusenza singazi khohlisi ukuthi sigcine sizitshela ukuthi singasontela noma sigcine izinsuku zeSabatha emakhaya. Ngisho abaBhishobhi abanikwe amandla eziyekelo *(To dispense)* bayazi ukuthi kwasabona kanye nanoma ubani lapha emhlabeni akanamandla okunika isiyekelo ukuba usuku lweSabatha lungagcinwa lube ngcwele.**
4. **Ake sizibuze ukuthi kuyingani leNsimbi ekulomBhoshongo ishaywa ngo 12pm ezimishini, lokhu okwaziwa ngokuthi "Ingelosi yeNksoi" *(The Angelus)*? Ingoba kuloMkhuleko kunamazwi athi: "IZwi laba iNyama, lahlala phakathi kwethu", uKristo, uNkuluNkulu uLizwi, owaba inyama kuMaria iNtombi eyingcwele, iVirigo waba umuntu, waphila phakathi kwethu, wafa, wavuka (The Paschal Mystery, iMfihlakalo yoKholo;**

**UKristo wasifela, uKristo uvukile, uKristo uyobuya). Kanti kuyingani leNsimbi ekulomBhoshongo iShaywa ngoLwesine oluKhulu futhi nangoMgqibelo woMlindelo wePhasika lweNkosi, uphawu olukhombisa ukuphila, ukufa, Kanye namandla okuvuka kweNkosi. Akesizibuze kuyingani kushaywa iNsimbi ekulomBhoshongo uma sekuphuma isidumbu esontweni siyongenga emotweni eya emathuneni emva kweNkonzo? Ingoba sisuke sifezekisa amagama aMphostoli uPaulose uma ethi: “Kepha uma safa Kanye noKristo, siyakholwa ukuthi siyakuphila futhi Kanye naye ekuvukeni Kwakhe” (KwabaseRoma 6:8).**

Ngiyambonga loFata ngokunqaba kwakhe kule nkampani ukuba babeke izipopolo zabo ze*Internet* noma i*WiFi* yize babezothola imali eningi ngako *(Rental Fee)* kulemBhoshongo ngoba maningi amanye amabhilidi emaLokishini, emaDolobheni amade njengethempeli lamaSulumane la kune nkanyezi nenyanga ehlobisile phezulu, kepha awusoze wabona sekukhona okufiphazile noma okubekiwe eduze kwakho, ngoba bona bezinkampani bayazi ukuthi banenkolo eqinile, enesidima nesithunzi, kodwa thina Makholwa sidayisa kalula ngokholo lwethu kuKristo. Cabanga nje, eziqephini ezidlala kumabonakude i*TV,* usake wezwa nje kudlalwa ngo ‘Mohamed’ umprofethi wabo noma ngo ‘Allah’ noma ngo ‘Khrishna’? Cha! Ngoba umhlaba unganyakaza! Kodwa thina njengesizwe samaKristo kuke kudlalwe ngeVatikani koMkhulu eRoma, kuhlekiswe ngeBandla kuma *Cartoons*, kudlalwe ngoPhapha, kudlalwe ngemfanekiso eyingcwele; njengalo weSidlo sokuGcina *(The Last Supper portrait)*, kuze kudlalwe ngoKristo uQobo Lwakhe kuqhubeke nje kube ukhisimusi kithina.

Ngalamazwi ngiyazi ngoba sesifundisekile, loluNqamlezo oluseSakristi engilubona njalo ngiphatheke kabi, bakhona abazothinteka, bebone ukubaluleka nobungcwele balo, benze imizamo ukuba luchonywe futhi endaweni yalo efanele. Ukuze amazwi ethu angabi ize-leze uma sithi: “Nanku uMuthi wesiPhambano uMsindisi womhlaba elenga kuwo”.

Makadunyiswe uJesu Kristo ongukuvuka kwethu nokuphila, kuze kube phakade. Amen.